## ISITATIMENDE SABEZINDABA

## UKWELULWA KOSUKU OLUNGUMNQMULAJUQU LOKUTHUNYELWA KWAMAFOMU E-EMP 201 NOKWENZIWA KWEZINKOKHELO

**Tshwane, 8 kuNtulikazi 2025 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) izolo luhlangabezane nomthamo omkhulu obungalindelekile okuholele ekutheni uhlelo lwethu luthathe isikhathi eside kunalesi ebesilindelekile ukuphendula. Siyazi ukuthi abanye abaqashi bahlangabezane nokubambezeleka ekuthunyelweni kwamafomu e-EMP201 anyanga zonke kanti-ke ngenxa yalokho angeke sizibize izinhlawulo nenzalo kulabo baqashi abebezobe bethobelile ukube bekungenxa yalesi simo."

Le nquboyokukhokha ibuswa indima 2(1) kanye no-14(2) zeSheduli Yesine yoMthetho Wentela Yengeniso wama-58 we-1962, ohlinzekela ukukhokhwa kwemali Ekhokhwa Ngokokuhola Kwakho (i-PAYE), Isikhwama Somshwalense Wokungasebenzi (i-UIF) kanye neNteliso Yokuthuthukiswa Kwamakhono (i-SDL) kanye nokuthunyelwa kwefomu le-EMP201 esikhathini esiyizinsuku eziyi-7 emva kokuphela kwenyanga ngesikhathi izimali ezazibanjwe emholweni okhokhelwa izisebenzi.

Ngokwesigaba 3 soMthetho Wentela Yengeniso, uKhomishana wakwaSARS unamandla ngokubona kwakhe ukuba elule izinsuku ezingumnqamulajuqu. Ekusebenziseni igunya lakhe, uKhomishana wakwaSARS uselule usuku lomnqamulajuqu lokuthumela amafomu nosuku lokukhokha kube uMsombuluko, mhla ziyi-14 Ntulikazi 2025.

Umthelela walesi sinqumo ukuthi uSARS angeke azibize izinhlawulo nenzalo kubaqashi abebezobe bethobelile ukube bekungenxa yalesi simo.

Abakhokhintela bayakhthazwa ukuba bathumele amafomu abo e-EMP201 ngaphambi komhla ziyi-14 Ntulikazi ukugwema izinhlawulo zokudlulelwa isikhathi.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumana ne SARSMedia@sars.gov.za.